


Imimoya Eyengayo

 Amavuko, bangane. Ngiyathaba ukuba lapha lokhu kusa, futhi ngisazi ukuthi ngilibona lonke lapha, ngikholwa ukuthi iNkosi ikanye lathi lamuhla, isinikeza umthunzi omcinyane, ukuthi kakuyi kutshisa kakhulu lapha ethabhanekeli okwenkonzo yekuseni. Futhi khathesi si . . .

² Ngiyakholwa, ngabe kulabantwana . . . Ngabe abantwana sebekhululilwe baya emaklasini abo, Mfowethu Neville? Ngibone abantwana abancane, futhi bengimangala uba kade sebephumise iklasi ibuyela kwezinye izindawo zabo—zabo, ekamelweni labo lesikolo seSonto.

³ Manje, lingikhulekele. Ngilesinqumo esikhulu akade kufanele ngisenze ubusuku obedluleyo, futhi kufanele ngisenze lamuhla. Futhi makuthi ibandla likhuleke. Ngilo—ngilomhlangano ozakube ulandela, ukhona emgceleni weKhetheni leNsimbi eGermany, futhi-ke kuyathintha kancinyane. Futhi lingikhulekele. Futhi njalo, ku, singaqala khona manje kuleyo nkundla enkulu ye cricket eGermany, leyo uHitler ayenzayo nje kungakabi lempi, indawo enhle enkulu, ihlala abantu abazinkulungwane ezingamatshumi ayisificaminwembili. Futhi singaba layo okobusuku obulitshumi, kulandelana. Futhi-ke sithembele ukuthi siqale phakathi lapho khona manje, futhi-ke eLa Salle Lorraine, eFrance, okulandelayo, khona-ke eBerlin, besengiphenduka . . . ngitsho, eBerlin phakathi kwalokho le—leFrance.

⁴ Khona-ke besesiphenduka, iNkosi ithanda, emhlanganweni omkhulu eChicago. Uqala, ngicabanga, ngosuku lwesihlanu, lwesithupha, lwesikhombisa, lwesificaminwembili, lolwesificaminwemunye, kuyingxenye yami eChicago, okomhlangano omkhulu khona e—ebandleni leSwedish. Futhi-ke ba, uMnu. Boze, abanye benu abavela eChicago, balomhlangano omkhulu okade usiza leyi elandelayo . . . kusukela ngolokuqala lukaNwabakazi, kumbe olokuqala lukaMpandula, kuse, Sweden. Futhi ngiyathaba kakhulu ukwazi ukuthi ukungivotela kwabo, ukuthi ngibuye, futhi kwakundawo yonke lamaphesenti alikhulu. Ngathokoza ngalokho, kodwa kufanele kumbe ngihambe khonale kumbe phansi lapha khathesi. Likhuleke ukuthi iNkosi ingikhokhele nje khona kanye indawo lapho imphefumulo eminengi engasindiswa, futhi okukhulu kwenzelwe uMbuso kaNkulunkulu. Manje, balomhlangano omkhulu phezulu lapho, futhi—futhi baseSweden, futhi wathi sizakuba lamatshumi amabili lanhlalu, amatshumi amathathu lanhlalu ezinkulungwane zabantu okokuqala, emhlanganweni omkhulu, futhi abanengi babo abantu abangasindiswanga.

⁵ Futhi khona phansi lapha eGermany, awu, balenkundla ehlala inkulungwane ezingamatshumi ayisificaminwembali. Ngoba, thina, eSwitzerland lapho esisanda kusuka khona, sibe lomhlangano omangalisayo lapho, futhi abanengi benu mhlawumbe kabakaze bakuzwe. INkosi yasibusisa ngokulamandla, saba lenkulungwane ezingamatshumi amahlanu abaphenduka ngobusuku obuhlanu, e—e—eZurich, eSwitzerland.

⁶ Futhi-ke, uMfowethu Jack Shuler, abanengi benu liyamazi, ungu'Methodisti, umfana kaBob Shuler omdala. BaseBelfast khathesi, futhi—futhi bathi bagenqula indawo, khonale, ngokweVangeli, futhi lokukhulu kulalokho uBilly Graham abalako emhlanganweni wakhe. UJack uyinsizwa encinyane enhle, ogcwele ukutshiseka lothando. Futhi yena—yena uqinisekile kakhulu kikho ngize ngikholwe uyinceku enkulu yeNkosi. Futhi khulekelani uMfowethu Shuler. Futhi—futhi nguJack Shuler, loJack MacArthur ukanye laye. UMfowethu uJack MacArthur ungumtshumayeli omkhulu, laye. Futhi lapho abantu bamasonto bathi kuyimvuselelo enkulu eyake yatshaya iIreland. Ngakho lathi si... Siya emkhulekweni nsuku zonke ngalabo—ngalabomadoda. Bonke bangamadoda asasematsha, ngaphansi, duze lamatshumi amane, ngiyathemba, kumbe ngaphansi, izimuli lokunjalo njalo, labahle abaqotho abafundisi beVangeli, futhi siyabathanda.

⁷ Futhi manje, ngi—ngiyakhuleka ukuthi kaliyi kungikhohlwa, ukuthi—ukuthi uNkulunkulu uzangivumela ngenze isinqumo esiyiso khona khathesi. Kulezikhathi lapho ongazi khona yiphi indlela yokuhamba. Lake langena kulezo ndawo? Ngiyakhohlwa uPhawuli wangena kuleyo ndawo kwesinye isikhathi, kazange na? Kwakuphakathi kwendlela ezimbili. Futhi lapho esiya khona, ngani, wabona ingilosi embonweni leyo eyamtshela, “Woza eMacedonia.” Ngakho iNkosi ilokhe isaseleNgilosi yaYo, Akalayo na? Nxa ngingaba nje ngozithobileyo enhliziyweni yami ngakho njengalokho uPhawuli ayeyikho.

⁸ Futhi khathesi, lobubusuku, khumbula inkonzo zeVangeli lapha ethabhanekeli, wonke umuntu abuye. Lina elilapha eLouisville, ngisazokuya khuluma kuBandla leOpen Door, lobubusuku, okwamahola athile, ngelengxenywe lesikhombisa kuze kube ngelengxenywe lesificamunwemunywe, kuMfowethu Cauble. Bengizakuza kabili lapha. Futhi-ke uyindoda enhle, futhi yena wasengibiza. Futhi uMfowethu Cauble, uyindoda emnene enhle kakhulu, mfowethu. Lina, ngileqiniso lijwayelene, umfowethu omuhle kakhulu, futhi nje bengingeke ngimdanise kanjalo. Khulekani. Phezu kwento zonke, khulekani, futhi likhuleke ukuthi uNkulunkulu uzasinikeza i—isinqumo esiyiso sokwenza.

⁹ Manje, ngaphambi kokuqala uMbiko weVangeli, silokusa esiyakunikela abantwana abancane. Futhi ngilomntwana omncinyane lapha ukunikela, futhi, eNkosini. Manje, izikhathi ezinengi emabandleni amanengi. . .

Liyezwa kahle, ngemuva lapho? Nxa lisizwa, kukahle na? Lamafeni lapha, nje ngi, awungeke uzizwe ngokwakho. Hatshi, lokho, lokho kuhle. Ngiyesaba ngizabhubha ngingelakho.

¹⁰ Ngakho a—abantwana abancane, kwezinye izikhathi bayabafafaza, ebandleni, lapho besasezinsane. Futhi, yebo, lokho kwavela ebandleni leKatolika, ngokubaphehlelela abantwana abancane, kumbe “ukubabhaphathiza” lapho bebabiza besasezingane ezincinyane. Ibandla leMethodisti lakuletha, okokubhaphathiza insane, futhi lokunengi, futhi ngicabanga lokunye okunengi. Ngicabanga yiwo umehluko phakathi kwamaNazareni leMethodisti yesidala, kwakulubhaphathizo lwesane, futhi-ke ukudazukana okuncinyane lokunjalo. Kodwa, loba ngayiphi ndlela, akungeke, kangicabangi kulendaba kakhulu. Ngoba, emva kwakho, ngicabanga iKhalvari yayitsho leyonto, khona lapho, kukho konke, kunjalo, ngoba uJesu wafa lapho ukusindisa abantwana abancinyane lokusindisa umhlaba.

¹¹ Futhi umntwana omncinyane, kungenani lohlobo lomzali alaye, elesono esingakanani, lokho kakuyi kwenza umahluko, ngoba iGazi likaJesu Khristu liyamhlanza, bona, futhi leli liWundlu likaNkulunkulu elisusa isono somhlaba. Lowomntwana angeke aphenduke. Akakwazi ukuthi aphenduke njani. Akala sizatho sokuba lapha, ngokwakhe. Angeke akutshela kungani elapha. Kodwa uNkulunkulu umthume ukuba lapha, futhi iGazi likaJesu Khristu liyamhlanza ngesikhathi khona esiza emhlabeni. Futhi aze afike esikhathini sokuziphendulela, khona-ke usekwazi okuhle lokubi, futhi-ke lokho akwenzayo kufanele aphenduke kukho akwaziyo ukuthi ukwenze kubi. Kunjalo. Ngakho, abanye babo bayabafafaza, futhi bacabange kabayi eZulwini.

¹² Futhi kulemfundiso ethi nxa umntwana ezelwe ngabazali abaloMoya oNgcwele, awu, umntwana uzakuya eZulwini; kodwa, nxa kungesikho, kakusela lutho kikho, umntwana nje akasekho. Leyo yimpambeko enkulu. Ngumahluko bani okuwenzayo loba ngumzali oloMoya oNgcwele? Konke yisifiso semacansini, futhi lomntwana uzelwe ngendlela efanayo. Ngakho, konke “kuzalelwe esonweni, kwabunjwa ebubini, kwabuya emhlabeni kukhuluma amanga.” Lokho, yikho okutshiwo nguMbhala ngakho.

¹³ Ngakho, futhi-ke iGazi likaJesu Khristu liyamhlanza futhi lenze ukubuyisana ngalowomntwana. Nxa esifa, ngokupheleleyo uzakuya khona kanye ebuKhwani bukaNkulunkulu, nxa wazalelwa ebazalini abayizoni kakhulu emhlabeni, kuze kube

yisikhathi sokuziphendulela lapho asekwazi khona okuhle lokubi. Futhi-ke lokho akwenzayo, kusukela lapho, kufanele kuxolelwe ngakho. Kufanele azicelele ukuphenduka kwakhe kusukela lapho kusiya. Kodwa lapho esasengumntwanyana . . .

¹⁴ Manje, indlela esizama ukuyilandela, lapha ethabanekeli. Kuyiyo kuphela indawo emhlabeni leyo engiya kiyo, engitshumayela iMfundiso, kulapha ethabhanekeli, ngoba leli libandla lethu. Futhi sitshumayela iMfundiso lapha ukugcina abantu besemzileni. Abanye abantu, emabandleni abo, batshumayela loba yini abakukholwayo. Futhi bangabafowami, futhi singehlukana kancinyane, kodwa lokhe singabazalwane nje ngokufanayo. Futhi, kodwa lapha ethabhanekeli, sitshumayela esicabanga ukuthi kuyiMfundiso yoMbhalo. Futhi, phakathi lapho, sibona ukunikelwa kwabantwana, lokho esikubiza ngokuthi ukunikela, isikhathi kuphela eBhayibhiliini leso esingasithola, kumbe ngaphi eThesmenteni eliTsha lapho abantwana abancinyane bake baba lolutho lokwenza, kumbe uKhristu aba lokokwenza emkhosini, kwakuyilokhu, Wabathwala engalweni zaKhe futhi wabeka izandla zaKhe phezu kwabo futhi wababusisa, futhi wathi, “Vumelani abantwana abancane baze kiMi. Lingabenqabeli, ngoba uMbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo.”

¹⁵ Manje, sisalelwe, njengoba sizwisisa, ukuqhubeka ngomsebenzi lowo Yena abuya uku—ukuzowuqedisa. Ukufa kwaKhe eKhalvari, Waye kanye lathi futhi Wahamba evela . . . waphuma kuNkulunkulu, esiza emhlabeni, wabuyela kuNkulunkulu, kumbe evela emhlabeni esiya kuNkulunkulu, futhi wasesiza esimeni sikaMoya oNgcwele, futhi ukanye lathi, ephakathi kwethu, kuze kube sekucineni komhlaba, eqhuba eBandleni laKhe imisebenzi efanayo leyo Ayenzayo lapho Esaselapha emhlabeni. Futhi, ngalokho, siyathatha abantwana bethu komunye kusiya komunye, kubatshumayeli, futhi babakhulekele, babeke izandla phezu kwabo futhi babanikele kuNkulunkulu. Okungumkhosi okuncinyane nje ukutsho ukuthi siyathakazelela lokho iNkosi esenzele khona labantwana abancinyane.

¹⁶ Manje, nxa abancinyane benu befafaziwe, kumbe loba yiphi indlela okuyiyo ebandleni lakho, cabanga. Kasitsho lutho olulodwa simelana lalokho. Konke kulungile. Kodwa, ngokoMbhalo, siyathola indawo eyodwa kuphela, yikho lapho uJesu ababusisa khona, ngokwaKhe. Lokho ngizakubala, iNkosi ithanda, khona e—khona eLizwini lapha. Siyathola, kuLuka oNgcwele i . . . ngiyakholwa yi—yisahluko 10, futhi siqala ngendima 13.

Futhi baletha abantwana abancane kuye, ukuze abaphathe: futhi abafundi bakhe babakhuza bona labo ababalethayo.

Kodwa lapho uJesu ekubona lokho, wathukuthela kakhulu, futhi wathi kubo, Vumelani abantwana abancane ukuba baze kimi, futhi lingabengabeli: ngoba ungowabanje uMbuso kaNkulunkulu.

Ngiqinisile ngithi kini, Ilowo lalowo ongamukeli umbuso kaNkulunkulu njengomntwana omncinyane, kasoze angene kuwo.

Futhi wabathatha wababeka engalweni zakhe, futhi wabeka izandla zakhe phezu kwabo, futhi wababusisa.

17 Lokho kuhle na? Wathi, “Manje, vumelani abantwana abancinyane ukuza kiMi. Lingabengabeli, ngoba kungowabanjalo, onjengalowo mntwana omncinyane, kunguMbuso kaNkulunkulu.” Futhi Wabathatha engalweni zaKhe futhi wababusisa.

18 Manje, sizathanda kanganani, lokhukusa, nxa singaba loJesu ehlezi, ebuntwini, lapha kuplatifomu, uthi, “Nkosi, Ungabusisa umntanami?” O, okuyi... okwamehlo ethu abantu lezinhliziyo zethu zilangazelela ukukubona lokho. Kodwa Ulapha, kungenani, Ngoba Wasinika umlayezo wokukwenza. Futhi, njengoba sesikwenzile, kanjalo Uyakunanzelela. Siyemukela labo Abathumayo, Yemukelani lowo amthumileyo, uyabona. Ngakho, Ulapha lokhukusa. Futhi nxa uDadewethu Gertie engabuya phezulu kupiyano futhi akhalise ingoma yethu yakudala esasijwayele ukuyihlabela isikhathi eside esedluleyo, leyi, “Baletheni, lethani abancinyane kuJesu.” Ngiyakholwa kusebhukwini lapho kwenye indawo. Kangila qiniso. “Lethani abancinyane kuJesu.” Futhi nxa ulomntwana, umntwana omncinyane ongakaze anikelwe, futhi ufuna ukumnikela lokhukusa, ngani, sizathokoza ukukwenza.

19 Futhi kungaba khona abatshumayeli esakhiweni, abatshumayeli abangafuna nje ukubuya phezulu futhi bame kanye lathi lapha lapho sinikela laba bantwana eNkosini? Singathokoza ukuba lani, lapho lisiza. Kulungile, ngabe ikhona ebhukwini lapho? Uyayithola, Mfowethu Neville? Kayikho lapho. Kulungile, bangaki abayaziyo, *Baletheni*? Kulungile, kasiyihlabeleni khathesi. Wonke umuntu ndawonye, lapho omama beletha abantwana babo. Kulungile. Kulungile.

... letheni, baletheni,
Baletheni libasuse enkundleni yesono;
Baletheni, baletheni,
Lethani abazulayo kuJesu.

Baletheni, baletheni,
Baletheni libasuse enkundleni yesono;
Baletheni, baletheni,
Lethani abancinyane kuJesu.

20 Singakhothamisa amakhanda ethu okwesikhatshana. Baba wethu oseZulwini, kumile elathini lokhukusa kume omama

labobaba bebambe inzalo zabo ezincinyane engalweni zabo, Wena obanike ngomusa kubo. Balokubonga kakhulu ngabo, Nkosi, futhi babalettha phezulu lapha elathini lokhu kusa, endlini kaNkulunkulu, ukuzobanikela, ukunikeza impilo zabo kuWe. Wena uphile. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uzakondla futhi ubusise munye lamunye wabo. Bakhokhele, futhi makuthi iNgilosi ezilindayo zikaNkulunkulu zibakhangele munye ngamunye. Banike impilo ende yokuthaba lokujabula. Mabakhule babengamadoda labesifazana bakaNkulunkulu, bakusasa, nxa ikusasa ikhona.

²¹ Nkulunkulu, siyakhuleka ukuthi Uzaphakamisa abatshumayeli labaprofethi labafundisi labafundisi phakathi kwaleliqembu labantwana labo abaselathini lokhu kusa. Futhi lapho sesibadala futhi sesingasayi ndawo, omunye umuntu uzafanele asisuse kwenye indawo asise kwenye indawo, makuthi senelise ukuma futhi sizwe iVangeli litshunyayelwa yilaba abalapha lamuhla. Siphelile, Nkosi. Futhi ngolunye usuku oluyinkazimulo lapho konke sekudlulile, impilo zethu seziphelile, abazali laba abaselathini, masibe njengoJakhobe wakudala lapho ebusisa bonke babantwana bakhe futhi wabatshela lokho isiphetho sabo esizakuba yiso esukwini lokucina. Khona-ke ekhangele phezulu, wathi, “Liyazi, sengizakubuthaniswa kanye labantu bami.” Futhi ngolunye usuku lwenkazimulo, yena layo yonke inzalo yakhe, ukubuthaniswa ndawonye ezweni elingcono. Akumangalisi uBalaam wathi, “Makuthi isiphetho sami sokucina sibe njenge sakhe.” Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi Uzakupha izibusiso lezi phezu kwabazali.

²² Futhi khathesi lapho sisiya beka izandla phezu kwabo, ku—kuyisimangaliso . . . Futhi Ukwenze kwathobeka kangani, Nkosi, ukuthi thina abantu balumhlaba sibe lethuba lokubusisa abantwana abancane eBizweni laKho, sisazi lokhu, ukuthi, lokho elikucelayo, siyakuphiwa. Lapho sisiyababusisa, makuthi uJesu, uMuntu ongabonwayo, Olamandla wonke ame eduzane futhi abusise umntwana wonke lapho sibeka izandla zethu phezu kwabo futhi sibanikela kuYe. Ngoba siyakucela khona eBizweni laKhe. Amen.

²³ UMfowethu Glenn Funk, ulabantwana bakhe abancane abathathu ukunikelwa eNkosini.

[Indawo engalalutho ethephini. UMfowethu Branham unikela abantwana—Mhl.]

. . .e—endlini encane, phetsheya le ezweni lasenyakatho, Wangithembisa lumntwana. Baba, makuthi izibusiso zaKho ziphumule phezu kwakhe.

Joseph, mfana wami, ngiyakunikela kuNkulunkulu. Futhi makuthi impilo yakho ibe yibusiso. Mawube ngumprofethi, Joseph. Makuthi umusa kaNkulunkulu uphumule kanye lawe.

Makuthi uNkulunkulu kababa wakho, iNkosi uJesu Khristu, ahlale ekubusisile, enze impilo yakho ibe yisibusiso kwabanye.

EBizweni likaJesu Khristu, ngiyambusisa. Amen.

[Indawo engelalutho ethephini. UMfowethu Branham unikela abantwana—Mhl.]

²⁴ Liyabathanda abantwana abancane? Enye into mayelana ngensane ezincane ukuthi umama ngamunye efuna umtanakhe abusiswe.

Manje, yiyo indlela uBaba wethu waseZulwini ayiyo kithi abadala lokhu kusa. Ufuna omunye lamunye wethu abusiswe. Uyasinikeza phambi kwento ethile, abesiqhubela nje, njengokokuthi, “Nanku, Ngifuna ukuthi ubusiswe, mtanaMi.” Akamangalisi na? Ngakho singathakazelela uBaba waseZulwini olomusa njenga lokho.

²⁵ Manje, ezibusisweni zabantwana abancinyane, liyazi, bengibala nje lapha eMbhhalweni ngolunye usuku, kwenye indawo khona lapha, bekukuThestamente eliDala, ukuthi, into enkulu leyo e—engayithakazelelayo ngeqiniso ukuyibala. Nansi lapha, khona lapha. “Futhi uNathanyeli wathi kuDavida, ‘Yenza konke okusenhliziyweni yakho, ngoba uNkulunkulu ukanye lawe.’” Bona? Yenza okusenhliziyweni yakho. Futhi izikhathi ezinengi ngi—ngithola lokhu, mngane ongumKhristu, ukuthi ngikhulume izinto ngingazi lokho engangizakutsho, futhi ngithole ukuthi kuyenzakala. Lokho okutshoyo!

²⁶ Kwatshiwo kwesinye isikhathi, uJesu wabuya esehla entabeni futhi Wabona isihlahla esasingela lutho kiso, amahlamvu nje kuphela, futhi kwakungela sithelo, futhi Wathi, “Akula muntu ozakudla kuwe kusukela lapha.”

²⁷ Futhi ngosuku olwalandelayo, esedlula, abapostoli babona amahlamvu esebunile. Wathi, “Khangelani isihlahla sibune masinya kanganani.”

²⁸ UJesu wathi, “Woba lokholo kuNkulunkulu; iloba yini into oyifisayo, lapho ukhuleka, kholwa uyayemukela futhi uzakuba layo. Futhi lobaziphi izinto ozitshoyo, uzakuba lalokho okutshoyo.” Cabanga ngalokho. O! Futhi mhlawumbe lamuhla, uMoya oNgcwele omkhulu kaNkulunkulu, umile lapha elathini, uthi... Awu, kakudingi ukuba kuceciswe. Akudingi kube yindawo enkulu ebukekayo.

²⁹ UJakhobe wadonsa ilitshwe kwesinye isikhathi futhi wabeka ikhanda lakhe kilo, futhi lokhe likhunjulwa lamuhla njengeLitshe leScone. Kumbe, iLitshe leScone, ukuthi amadoda amakhulu omhlaba lokhe belithwala lelolitshe indawo ngendawo, ukuze amakhosi agcotshwe ubukhosi phezu kwelitshe leli, ilitshwe elijwayelekileyo nje elisensimini.

IBetheli kwakuyinqumbi yamadwala egadaniswe elinye phezu kwelinye, futhi kwaba yindlu kaNkulunkulu, indawo

yokuhlala. UJakhobe wathi, “Leyi akusiyo enye indawo kuphela indlu kaNkulunkulu.” Inqumbi nje yamatshe egadene.

³⁰ Kakuthathi izinto ezinkulu ezilungisiweyo. Kuthatha ubulula lokholo ukukholwa, yilokho okudingakalayo. Yikho lokho okukwenzayo.

³¹ Manje, sisazi ukuthi isikhathi siyaphangisa ukubaleka, sizazama ukungaligcini isikhathi eside, sisazi kuyatshisa futhi ibandla liminyene. Ngakho ngizakhuluma nje kini okwesikhatshana lokhu kusa, endabeni encane lapha leyo enga...ngiyathemba izakuba lusizo kuwe. Futhi khathesi ngi, phambi kokusuka ngekhaya, ngibhale phansi izinto ezintathu kumbe ezine ezincinyane. Ngathi, “Ngizalindela futhi ngibone lokho iNkosi ezakungipha ngikhulume ngakho lapho sengifike phansi lapho.” Ngibhale phose izinto ezincinyane eziyisithupha phansi lapha, indatshana ezincinyane, futhi ngibhale eyodwa, ngayibeka esikhwameni sami njenga lokhu. Ngacabanga, “Awu, lapho ngifika kuphuluphithi mhlawumbe Uzangitshela enye into yokukhuluma ngayo.” Manje ngikude nje njengalokho engangiyikho phezulu lapho. Ngakho, kungenani, ngizabala uMbhala lapha, iNkosi isisize ukuWuzwisisa. Esahluko 14 sikaLuka oNgcwele, futhi kasiqaleni phose eyamatshumi amathathu-...indima 31 yesahluko 14 sikaLuka oNgcwele.

Kumbe yiyiphi inkosi, ezakuya kwenza impi lenye inkosi, ingaqali ihlale phansi, futhi ibuze loba iyenelisa lenkulungwane ezilitshumi ukuhlangabezana laye lowo ozayo ukuzamelana laye kanye lenkulungwane ezingamatshumi amabili?

Kumbe uba kungenzeki, lapho ingathi kumbe... ingathi isekhatshana, ithumele phambili amanxusa, futhi icele okokuthula.

Kunjalo-ke, ilowo lalowo kini...

³² Ngifuna linanzelelisise. Manje, okokuqala Wathi... Kungumfanekiso. Wathi, “Manje, kulenkosi ezayo, futhi ulamasotsha azinkulungwane ezingamatshumi amabili; futhi *leyi* inkosi izohlangana laye, futhi ulenkulungwane ezilitshumi zamasotsha kuphela. Ngakho-ke, okokuqala, uyahlala phansi futhi abuze nxa elungiselele, loba engakwenza kumbe hatshi.” Kulungile.

...owenu lowo ongalahliyo konke lokho alakho, angeke abe ngumfundi wami. (Bona?)

³³ Manje makuthi iNkosi ingezelele izibusiso Zayo kuleli Lizwi. Manje singakhothamisa amakhanda ethu okwesikhatshana nje.

³⁴ Baba wethu oseZulwini, Wena Okwazi izinto zonke, futhi unganaki isimo somuntu, ngoba uyini umuntu ukuba Umnake yena? Wenza umuntu, futhi unjengeluba lasemasimini: lamuhla muhle, kusasa uqunyelwa phansi, uphoselwa

esithandweni, futhi abune. Futhi ngiyaKucela, Nkulunkulu, ubelesihawu kithi lamuhla futhi ilowo lalowo azihlole lamuhla. Silapha njengasendlini yokuqondiswa. Silapha ukuzefunda lokubakwazi ukuthi siphile njani, futhi makuvele eLizwini laKho lamuhla, O Nkulunkulu olaPhakade. Abanengi babantwana baKho seabuthene phakathi, futhi abanengi babo bebengabantwana baKho okweminyaka, kodwa, njengalokho, siyaphenduka sonke endlini kaNkulunkulu, ukufunda, ukwazi. Futhi mina, inceku yaKho, ngifisa ukwazi okunengi mayelana ngaWe. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzaletha ukuphefumulela kweVangeli phezu kwethu sonke, phezu kwenceku yaKho, futhi lokuthi uBukho baKho, futhi busiphefumulela thina kulesi isakhiwo, kuzakuba kukhulu lamuhla, ukuthi sizatshiya, enhliziyweni yethu, sifisa ukuba zinceku zaKho ezingcono, ukuthi kuzakuba lusizo kithi ukuba lapha. O Nkulunkulu olesihawu, siphe izibusiso lezi eBizweni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

³⁵ Manje makuthi iNkosi ingezelele izibusiso Zayo eLizwini lapho silibala. Ngifuna ukuthatha udaba lokhu kusa, ukuthi, “Imimoya eyengayo kumbe iLizwi likaNkulunkulu?” Manje, kunjalo-ke indaba engajwayelekanga, kodwa kuyikuba yikuthi kusethabhanekeli. . . Futhi olweSithathu olwedluleyo ebusuku. . . ISonto edluleyo ekuseni ngangikhuluma mayelana nge—ngejubili encane yeVangeli.

³⁶ Futhi ngolweSithathu olwedluleyo ebusuku ngangitshumayela ngowesifazana owayelo—lomqhele phezu kwekhanda lakhe, kumbe i. . . Walahlekelwa ngolunye lwezinhlamvu zendibilitshi, futhi wayethanyela indlu ezama ukuludinga phambi kokuba indoda yakhe ibuye. Futhi ukuthola ukuthi owesifazana lowo wayengumfanekiso wesifazana wempumalanga, futhi waye. . . futhi wayemela iBandla. Futhi isibopho somtshado sayijwayele ukungagqokwa emunweni. Sasigqokwa ekhanda, silezinhlamvu zesiliva eziyisificamunwemunye phakathi kwaso. Futhi lapho owesifazana esiba yisifebe, babekhupha lapho uhlamvu olulodwa lwesiliva futhi kutshengisele ukuthi wayeyisifebe. Futhi-ke owesifazana lowo wayelahle olunye lwezinhlamvu, engayisiso isifebe. Kodwa indoda yakhe yayiphumile, futhi wayezama ukuphangisa ukuthola lolohlamvu, ukulubuyisela emqheleni wakhe, ngoba lapho indoda yakhe isiza wayezakuba kwazi ukuthi ubanjwe ebufebeni, futhi kuzakutsho ukudilika komuzi lokunjalo. Futhi ngabeka lokho okwesikhatshana ebandleni, lalahlekelwa yizinto ezinengi ezinkulu. Futhi yisikhathi sokuthi uBaba abuye, ngakho kufanele sizidinge. Manje, sisazi ebandleni, lasethabhanekeli lethu. . .

³⁷ Futhi ngi—ngifuna ukukhuluma ngemiMoya Eyengayo, leyo ezakube ibizwa ngokuthi *Ubudimoni*. Lizwa okunengi mayelana ngamadimoni, awalezinsuku, kodwa uzwa kancinyane ngokuthi

uwaxotshe njani. Thina sonke si—siyakwazi kahle ukuthi kulabodeveli, kodwa, into elandelayo yikuthi, uyixotsha njani leyonto. Futhi manje kule. . . Sisiba, ngomusa kaNkulunkulu, amathuba amanengi okusebenza lezinto lezi ezibizwa ngokuthi amadimoni, futhi uhlangana lawo kuplatifomu lasekuhambeni kwansuku zonke, futhi, ngani, ngizathanda ukukhangela eMbhalweni lokhu kusa futhi sifumanise ukuthi lezo zinto ziyini.

³⁸ Manje, sikusebenzisile enkonzweni yosiliso, hleli kuse celeni losiliso. Imvukuzane, ithumba, umntwana welihlo, ufuba, zonke lezo zinto kayisizo zinto zemvelo, zingezikamoya futhi kungamadimoni. Umbhalo uyaqinisa ngokusobala lokho. Kodwa lawo ngamadimoni emzimbeni, lezimila, njenge mvukuzane, ilempilo phakathi kwayo, futhi impilo yalokho lidimoni. Isimila somntwana welihlo, ukusabalala kofuba, leminye imikhuhlane, ngamadimoni. Leyo esesimeni senyama.

³⁹ Manje, lokhu kusa sizakukhuluma—khuluma ngamadimoni esimeni sikamoya emphefumulweni. Asemphefumulweni ngendlela efanayo emzimbeni. Futhi silakho ukuvuma ukuthi siyawabona emizimbeni yabantu, njengabomvukuzane le—lemikhuhlane ehlukeneyo leyo esemzimbeni womuntu.

⁴⁰ Khathesi nje, ngitsho imvukuzane isimenyezelwe ukuba ngumkhuhlane wesigaba sesine, ukuthi ukwesinye isigaba. Sibili, yibudimoni. Wonke umkhuhlane ngumkhuhlane wesigaba sesine, isiqalo sawo.

⁴¹ Manje, kodwa manje imvukuzane emzimbeni kumbe imvukuzane emphefumulweni, idimoni lingangena kuloba yiphi indawo. Manje, kulezikhathi ezinengi labantu abanengi abalemicabango emihle yokuthi. . . labantu abalungileyo abazamayo izikhathi ezinengi u—ukuphumula phezu kwesayensi yezenkolo encinyane abalayo, kumbe enye into abayifundiswayo kusukela ebuntwaneni, futhi ufumane ukuthi phansi ebuntwini babo, phansi emphefumulweni wabo, ukuthi lokhe belenye into engalunganga. Lina, abanengi balapha lokhu kusa, kungelakuthandabuza lobangaphi othola amaXhristu ebuthene ndawonye, uyafumana abantu abalaleyo moya phakathi kwabo, ukuthi baya. . . Akufiseki. Kabayifuni. Bathi, “O, nxa ngingatshiya ukuqamba amanga! Nxa ngingatshiya inkanuko! Nxa kuphela ngingatshiya *lokhu* kumbe *lokhu yana!*” Manje, labo ngodeveli. Futhi, manje, babuya esimeni senkolo, esikhathini esinengi. (Njengokuba yisikolo seSonto, sekuyisikhathi sokufundisa, ngakho kasikhangeleni kulokhu.) Manje, ayabuya esimeni senkolo, esikhathini esinengi.

⁴² Manje, eMbhalweni, kwa, kwakulendoda obizo nguJehoshafati, indoda enkulu, indoda yenkolo. Futhi waya kwenye inkosi eyayiyinkosi yako—yakoIsrayeli. Futhi yena, uJehoshafati, eyinkosi yakoJudah. Futhi waya phansi kuAhabu,

inkosi yakoIsrayeli, futhi bazisonga ndawonye, futhi benza ubungane omunye lomunye, ukuya kulwa eRamoti Gileyadi. Futhi bakwenza bengazange baqala bakhuleka.

⁴³ O, nxa abantu bengananzelela kuphela! Yikho ngize lokhu kusa futhi ngaligela ukuthi lingikhumbule lapho ngisiya phetsheya kolwandle. Ezintweni zonke, khuleka!

Omunye umuntu wabuya ngolunye usuku futhi wathi, “Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi kubi ukwenza into ethile?”

⁴⁴ Ngathi, “Kungani ungibuza ngakho?” Bona? Nxa kulombuzo engqondweni yakho, kutshiye kunjalo, ungakwenzi lakancane. Hlala nje lalokho. Lapho uqala ukwenza loba yini, futhi nxa kungumbuzo wokuba kuhle kumbe kubi, hlala khatshana lakho. Ungangeni kukho lakancane, khona-ke uyakwazi uqondile.

⁴⁵ Manje, zonke izinto kufanele zenziwe ngomkhuleko, kuqala. “Dinga kuqala uMbuso kaNkulunkulu lokulunga kwaKhe, futhi lazo zonke ezinye izinto zizakwengezwa.” Ngiqinisekile sibili lokhu kusa, nxa amadoda labafazi bengangena kuphela endaweni lapho umphefumulo wabo, ukucabanga kwabo, isimilo sabo, singaphelela emehlweni kaNkulunkulu, lokho kungaba ngelinye lamabandla alamandla aseke abakhona.

⁴⁶ Khangela nje isikhathshana kokwenyama. Manje, thina si, le, izikhathi ezinengi, silakho okweminyaka, silalokho esikubiza ngokuthi “umtshina wokubamba amanga.” Ungawufaka phezu kwesihlakala sakho, ukubeke ekhanda labo—labo, futhi ungangena phakathi lapho futhi uzame ngokwenelisa konke ukwenza amanga azwakale njengeqiniso, futhi kuzatshengisela ukuthi ngamanga sonke isikhathi, ngoba umuntu kenzelwanga ukuqamba amanga. Amanga yikukhohlisa, into enzima, into embi. Ngingangcono ngibe lesidakwa kanye lami, loba nini, kulomuntu oqamba amanga. Bona? Umqambi manga! Futhi umzimba wakho kawenzelwanga ukuqamba amanga. Kungenani ukuthi ugwele isono okunganani, lokhe ungunmtwana kaNkulunkulu owileyo. Umuntu oyisoni esedlulisileyo kulelidolobho lamuhla, uNkulunkulu kazange akwenze ubelesono. Wayefuna ubeyindodana kumbe indodakazi yaKhe. Wenziwe emfanekisweni waKhe Yena. Kodwa isono sikubangele ukuthi wenze lokho. Futhi loba kanganani ongazama ukulingisela futhi uzame ukwenza amanga akhangeleke eliqiniso, balethulusi yesayensi etshengisayo ukuthi ngamanga. Ungakutsho ngobumsulwa bonke ongakufuna ngabo, kodwa kuzakube lokhe kutshengisela ukuthi kayisikho; ngoba kukhona unembeza phansi emuntwini, futhi unembeza lowu uyakwazi okuliqiniso. Futhi kungelani lalokho okutshoyo phandle lapha, lowonembeza uyakwazi ukuthi kungamanga, futhi uzakukhomba kunembeza waphakathi.

⁴⁷ Ngakho-ke, nxa indoda kumbe owesifazana bengathatha imicabanga yabo, futhi lobufakazi babo lempilo zabo zibesemzileni loNkulunkulu (ameni) kuze kuthi indlela kaMoya oNgeweze izakuba munye loNkulunkulu ngokupheleleyo, kuyini okungathathi ndawo! Nxa owesilisa lowesifazana bengangena emzileni, lapho kanye lenkululeko evela enhliziyweni yabo, kanye lokholo oluvela ngangaphakathi!

⁴⁸ Abantu abanengi bayabuya elathini ukuzokhulekelwa, balokholo lwengqondo. Bayavuma izono zabo futhi bajoyine ibandla, ngokukholwa kwengqondo. Bayakukholwa engqondweni yabo—yabo. Bayakukholwa ngoba bakuzwile. Bayakukholwa ngoba bayakwazi kuyindlela enhle. Kodwa kayisikho lokho uNkulunkulu akukhangelayo. Akakhangele ekholweni lwakho lwengqondo.

⁴⁹ Ukhangela enhliziyweni, lapho kungaphakathi uNkulunkulu. . . Futhi lapho kusiza kuvela enhliziyweni, izinto zonke ziyenzeka khona-ke. Isivumo sakho siyahlangana lempilo yakho. Impilo yakho ikhuluma kakhulu njengalokho isivumo sakho sikwenza.

⁵⁰ Kodwa lapho isivumo sakho sisitsho enye into, futhi impilo yakho iphile okunye, kulenye into embi kwenye indawo. Kungenxa yokuthi ulokukholwa kwengqondo, futhi hatshi ukholo oluvela enhliziyweni yakho. Futhi lokho kutshengisela lokho phandle, *lapha*, lulwazi ngoNkulunkulu; kodwa phakathi, *lapha*, kulidimoni elithandabuzayo. “Ngikholwa ekusilisweni kobuNkulunkulu, kodwa kayisikho kwami.” Bona? “Ah, kungaba njalo, kodwa kangikukholwa.” Uyakubamba? Ngaphandle, uthi “yebo”; ngaphakathi, unembeza wakho uthi “hatshi.” Leyonto yesayensi ingatshengisa ukuthi lokho bekungaqondanga, kukufakaze.

⁵¹ Nanzelela lapho amakhosi lawa, ngaphambi kokusukuma, kwakufanele ba. . . Ngaphambi kokuba uJehoshafati engakenzi ubungane loAhabu, kwakufanele ukuthi athi kuqala, “Asikhuleke futhi sibone lokho intando kaNkulunkulu eyikho.”

⁵² Nginika umtshumayeli, nginika umKhristu, nginika umfazi wekhaya lowo ongumKhristu, nginika umlimi, kumbe isisebenzi sefekithali, esizabeka uNkulunkulu kuqala ezintweni zonke, ngizakutshengisa umuntu ozaphumelela kungenani lalokho udeveli angakubeka kuye. Udinga uNkulunkulu, kuqala. Kufanele kuqala sibe. . .

⁵³ Kodwa kabazange bakwenze. Babe mboziwe bonke ngoba uAhabu wayelombuso omkhulu okhanyayo, futhi wayeyenze izinto ezinengi, futhi wayelobucwebe obukhulu, igolide lakhe lesiliva lakhe, wayengenkulu, indoda ephumeleleyo, kunjalo-ke engongakholwayo.

⁵⁴ Futhi yikho lapho umhlaba okhona lamuhla. Yikho lapho iMelika emakhona lamuhla. Yikho lapho amabandla amakhona

lamuhla. Sesakhe amanye amabandla amakhulu angakaze akhiwe. Sike saba lezifundiswa ezilolongekileyo esingakaze sibelazo. Sifundise enye yezesayensi zenkolo, lokunjalo, futhi safundela ukuhlabela njengeNgilosi, kodwa njaloke kulobuthakathaka kwenye indawo. Kulobuthakathaka, ngoba baphume belandela imfundiso zabantu lemimoya eyengayo, kulokuphenduka eLizwini likaNkulunkulu. Bazama ukwenza izinto zihambelane njengomhlaba. Bazame ukubeka izibane ezikhazimulayo phezu kwakho, njengeHollywood.

⁵⁵ Lapha ngolunye usuku, inhlanganiso yesonto eyazakalayo, isigaba seFull Gospel eKansas City, kumbe, lingixolele, eDenver, emhlanganweni omkhulu, yakha ibandla lamadola ayisigidi. Futhi lenkulungwane zamamishinari zimelele amasenti angamatshumi amahlanu evela kuleloyonhlanganiso yesonto, ukuhambisa ivangeli kumahedeni. Lokho esikufunayo lamuhla ngelengqondo yemishinari, ethunywe nguNkulunkulu, imvuselelo ezelwe nguMoya oNgcwele, leyo ezakuba lentshisekelo ngoNkulunkulu, ukufuqa khona phandle emaguswini phetsheya lokwenzela uNkulunkulu ulutho, kulokwakha amakhulu, amabandla amahle futhi uzame ukwedlula umakhelwane.

⁵⁶ Ngingangcono ngikhonze endlini yokukhonzela, lapho okuthanyelwe khona, kumbe ikamelo lebhawa, futhi ngibe lenkululeko kaMoya oNgcwele lothando lukaNkulunkulu lutshisa ezinhliziyweni, kulokuhlala endlini zokukhonzela ezinkulu lezo esilazo emhlabeni futhi sibandezelwe phansi ngemfundiso zabantu lezivumokholo. Sifuna lamuhla imvuselelo enyikinyayo, buyela eQinisweni, buyela eLizwini likaNkulunkulu njalo.

⁵⁷ Manje, lapho bephuma phandle lapho, futhi kwakungemuva kwesikhathi uJehoshafati eseqaqabukile futhi wathi, “Kasizange. . . Awu, kasibuzeni iNkosi ngalokhu.”

⁵⁸ Wathi, “Kulungile,” uAhabu wakwenza, futhi wathumela phansi futhi wathola ikhulu, amakhulu amane abatshumayeli abafundiswe kahle. Futhi wabaletsa phezulu lapho futhi wathi, “Laba bonke ngabaprofethayo.”

⁵⁹ Futhi-ke basebengena emilingweni yabo, futhi basebeqala ukubiza. Futhi bathi, “Yebo, lina hambani ngokuthula. INkosi ikanye lani.”

⁶⁰ Futhi-ke emva kwabo bonke labo abangamakhulu amane esephe ubufakazi ukuthi kufanele bahambe ngokuthula, kanjalo-ke uJehoshafati esazi. . . Liyakuzwa na? Bona, phansi kuleyonhliziyo elungileyo yaleyondoda kwakulenywe into eyayimtshele kwakulento engamanga kuhle kwenye indawo. Enye into yayingalunganga.

61 UAhabu wathi, “Manje silamakhulu amane lapha, futhi bengqondonye, bonke babo bathi, ‘Hambani, iNkosi ikanye lani.’”

Kodwa uJehoshafati wathi, “Kawusela omunye oyedwa?”

62 Wathi, “Awu, sisamfunelani omunye oyedwa, ngemva kokuba silabangamakhulu amane bamadoda afunde kakhulu elizweni? Bonke bathi ‘Hamba!’” Lokho kwakungokwengqondo. Kodwa phansi enhliziyweni kaJehoshafati wayesazi ukuthi kukhona okubi. Manje, wathi, “Silomunye oyedwa, nguMikhaya. Kodwa ngiyamzonda.” Wathi, “Uhleli esitsho into embi, futhi enhlanhlatha lapho engelamsebenzi wokwenza, futhi usola amabandla layoyonke into.” Wathi, “Ngiyamzonda.”

Wathi, “Hambani, liyemthatha, futhi sibone azakutsho.”

63 Futhi lapho uMikhaya esiza, wathi... Bathi, “Manje, khangelana, uyatsho into efanayo labanye bonke.”

64 Wathi, wathi, “Ngiza kuphela...” Nanku lapha. “Ngizakutsho kuphela lokho uNkulunkulu akutshoyo.” Ameni. “Kungenani lokho umprofethi wakho akutshoyo, futhi lowu akutshoyo, lalokho ibandla lakho elikutshoyo, lalokho abakutshoyo. Ngizakutsho lokho uNkulunkulu akutshoyo. UNkulunkulu akubeka endebeni zami futhi ngizakutsho lokho Akutshoyo.” Esikufunayo lamuhla ngaboMikhaya abanengi abazakutsho lokho uNkulunkulu akutshoyo. Nanzelela, ngakho basebemhambisa phezu lapho, futhi wasesithi, “Nginikeni lobubusuku.” Ngakho lobobusuku iNkosi yahlangana laye, futhi wasephenduka ukusa okwalandelayo. Lapha amakhosi amabili ehlezi esangweni, wathi, “Hambani lenyuke.” Wathi, “Hambani lenyuke. Kodwa,” wathi, “ngibone uIsrayeli njengezimvu ezihlakazekileyo zingela malusi.”

65 Ngakho lowu omunye umtshumayeli, esegqokile, wabuya futhi wamtshaya emlonyeni, futhi wathi, “Yiphi indlela uMoya kaNkulunkulu ohambe khona lapho uphuma phakathi kwami?”

Wathi, “Lizakukufumana lapho seliphenduka.” Yebo.

66 Wathi, “Lalelani lapha!” Wathi, “Sizinceku zikaNkulunkulu. Singamakhulu amane, futhi wena uwedwa.”

67 Kodwa uMikhaya wathi, “ngizalitshela lapho uhlupho lwenu olukhona.” Ameni! Wathi, “Ngibone umbono.” Ameni! Wathi, “Futhi ngabona uNkulunkulu ehleli esihlalweni saKhe. Ngibone amabutho aseZulwini eMzungezile. Futhi siyakwazi ukuthi iLizwi likaNkulunkulu likhulume iziqalekiso phezu kwalindoda, kusukela ngendlela enze ngayo.”

68 Kawungeke ubusise lokho uNkulunkulu akuqalekisisileyo, kumbe udeveli angeke aqalekise lokho uNkulunkulu akubusisileyo. Kuyindaba yomuntu ngamunye, kungenani lokuba ngumyanga kanjani kumbe kulobuphukuphuku obunganani, kumbe ungaqedisisi kanjani, ungafundanga

kanjani. Lokho uNkulunkulu akubusisileyo kubusisiwe. Lokho uNkulunkulu akuqalekisileyo kuqalekisiwe. Yazi ukwahlukanisa lokho okuhle lalokho okubi.

⁶⁹ UMikhaya wayesazi kahle futhi kamhlophe ukuthi leyo kwakungeyisiyo iNkosi eyayikanye labatshumayeli. Awu, bekuyini uhlupho lalabo batshumayeli? Nanzelela lokho abakwenzayo. Babegqokiswe okuhle kakhulu. Babedliswe okumnandi kakhulu. Babebuye ndawonye ngamaqembu abo lokunjalo, labomanyano yabo, kwaze kwaba sendaweni abafika lapho ababekwazi kuphela isayensi zenkolo yabo. Futhi iBhayibhili lathi ukuthi uMikhaya, lapho ekhangele umbono, wathi, “UNkulunkulu uthe, ‘Ngubani esingamthola onghela phansi futhi akhohlise uAhabu?’ Futhi umoya wamanga wathi, ‘Ngizakwehla phansi lapho futhi ngiyenge uAhabu ngabatshumayeli labo, ukubangela uAhabu ahambe phandle lapho, ukuze iLizwi likaNkulunkulu ligcwaliseke.’”

⁷⁰ Manje, lamuhla abantu abanengi balalele... (Manje, yisikolo seSonto, ngiyasithanda.) Khangela, abantu abanengi balalela emimoyeni eyengayo kulokuthi bathathe iLizwi likaNkulunkulu. Imimoya, isemhlabeni. Ingamadimoni. Futhi iyahamba ezindaweni futhi ingene phakathi kwabantu, abatshumayeli. Iyanga phakathi kwamalunga ebandla. Iyanga phakathi kwamadoda alungileyo. Futhi ayababangela ukuthi bakhulume. Futhi batsho izinto, futhi benze izinto, futhi afundise izinto, futhi benze izinto, lezo eziphikisana leLizwi likaNkulunkulu. Lamuhla, abatshumayeli bamabandla abo bavumela abantu babo ukudlala amakhasi ebandleni, abanengi babo. Manje, kakusikho iKatolika kuphela, kulamaProtestanti amanengi abakwenzayo lokho.

⁷¹ Lokho abazame ukukwenza yikungenisa enye into. Bazame ukwamukela amaqhinga amatsha. Bazama ukwamukela imfundo, ukuthatha indawo kaMoya oNgcwele. Kalisoze likwenelise ukukwenza, kungenani lokuthi umuntu wenu ufunde okunganani. Ngicabanga kuyinto enhle kuye ukuthi abengofundileyo. Kodwa engela Moya oNgcwele kanye lalokho, imfundo yakhe kayiyi kumenzela okuhle. Imfundo kayiyi kuthatha indawo yokukhokhela kukaMoya oNgcwele. Amen.

⁷² Nanzelela, bona, endaweni yaLokhu, bazame ukwamukela ukuxhawulana izandla esikhundleni sesehlakalo sakudala esasijwayele ukuba laso. Lamuhla ibandla selibe ngelesi manje manje. Bayeza futhi benikeze isandla sabo sokunene sobudlelwano, futhi yiyo indlela abenza ngayo. Kodwa akusoze kuthathe indawo yebhentshi labalilayo lesidala lapho izoni zibizwa futhi zizilungisisa kanye loNkulunkulu. Kunjalo.

⁷³ Lamuhla bazama ukuthatha indawo yokwetshumi kukaNkulunkulu. Bazama ukuthatha enye into. Bazama ukukwenza kwahluke. Baya phansi babe lemidlalo

yamakhasi emabandleni, badlale imibhejo. Imibhejo kayisoze ithathe indawo yokwethumi kukaNkulunkulu. Okokudla kwantambama, ukuthengisa ingubo, imidlalo yokuzithokozisa, ukudinga imali ukubhadala izikwelede, kakusoze kuthathe indawo elaPhakade yokwethumi kukaNkulunkulu lemnikelo. Kakusoze kukwenze. Kodwa kukanti sizama ukukwenza.

⁷⁴ Kuyini? Yimimoya eyengayo isehla phansi, izama uku-... ukubeka ulutho esikhundleni seLizwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu akala okungathathindawo yeLizwi laKhe. KulaPhakade lanininini. UNkulunkulu kala lutho angalubeka esikhundleni sokholo. Ukholo kalula okungaluthathelindawo. Ithemba kaliyi kuthatha indawo yokholo. Ukholo lulodwa. Luma lulodwa. Kalusoze luthathe i...Ithemba kalisoze lithathe indawo yalo. Ithemba yisiqiniseko sezinto ezithejwayo, ubufakazi bezinto ezingabonwayo, kumbe ukholo lunjalo, bengitsho. Bona? Ithemba lingenye into; ukholo lungenye. Ithemba liyakuthembela; ukholo lulakho. Okunye yikukholwa kwengqondo; futhi okunye kuyisambulo esivela kuNkulunkulu. Kakusoze kuthathe indawo yakho. Siyazama, kodwa senza konke lokho okuthatha indawo.

⁷⁵ Sizama ukwakha amabandla amakhulu kulokuthi sithumele amamishinari. Okunye okuthathi ndawo. UJesu kakaze agcobe umuntu ukuthi akhe ibandla. Kalikaze ligcotshwe eBhayibhili. Sabeka izikolo zamabhayibhili, seabavumela lokho kwathatha indawo yamamishinari. Thina... uJesu kakaze asitshela ukuthi sakhe izikolo zamabhayibhili. Zilungile. Imfundo, sizama ukuthatha lokho kuthathe indawo. Kakusoze kukwenze. Ukuthuma kukaJesu kwakuyiku “hambani kuwo wonke umhlaba futhi litshumayele iVangeli kuso sonke isidalwa,” okwesikhathi sokucina. Ngakho konke okuthatha indawo esilakho akasoze kuthathe indawo yokuqotho.

⁷⁶ Ngolunye usuku ngaba lesehlakalo, esokuthatha indawo. Ngaba lezinyo elibuhlungu okokuqala, kwakufanele ngikhuphe izinyo. Lokhu kusa ngilezinyo lokufakela linamatele phakathi lapho. Ngikhuluma nzima. Kalisoze lithathe indawo yalelo eleqiniso. Hatshi, mnumzana! O, minabo!

⁷⁷ Ungathatha umuntu futhi umgqokise, umenze ngesigodo, itshoko, lobayini okufunayo, futhi umlungise kangako sibili. Akala mizwa, akala nembeza. Akasoze athathe indawo yomuntu woqobo. Loba inguquko yokufanisela ezayo futhi ithi, “Sengijoyine ibandla. Ngizazama ukwenza ngcono.” Kayisoze ithathe indawo yenguquko eqotho yesidala, yoMoya oNgcwele, ethunywe nguNkulunkulu eyenza umuntu ahluke enhliziyweni yakhe. Kakungeke kukwenze, ngoba kakulaMpilo kikhlo. Kakula lutho olokumnika iMpilo.

⁷⁸ Lapha kungasikude ngabona umdwebi omkhulu lowo owayelethe lokhu, umbazi, bengisitsho, lowo owenza umpikitsha

kaMose. Kangikwanisi ukubiza ibizo lakhe khathesi. Ngumdwebi wesiGiriki. Kwamthathela impilo yakhe. Futhi lapho esekufikise khona lapho ayecabanga ukuthi sekuphelele, waba ledlabuzane ngomfanekiso kaMose, ngakho wasetshaya idolo lakho, futhi wathi, “Khuluma, Mose!” Kwakukhangeleka kuqotho! Kwakufanekisiwe kuphelele kwaze kwakhangeleka kakhulu njengoMose, emcabangweni wakhe, ukuthi watshaya ngesando ukukwenza kube lomuzwa.

⁷⁹ Kubeka engqondweni ngebandla. Kungenani ukuthi ubeka esikhundleni okunganani, likhulu kanganani ibandla olalo, uhlabela kuhle okunganani ingoma zakho, ligqoka kuhle okunganani ibandla lakho, lokuthi ulokunengi okunganani olakho *lokhu*, *lokhuyana*, kumbe *okunye*, ungatshaya, uzwe, lobayini. Kakusoze kuthathe indawo yeMpilo, kuze uKhristu ehle phansi esimeni sikaMoya oNgcwele, kulelo bandla, futhi alinikeze isehlakalo esitsha sokuzalwa ngokutsha. Kakusoze kuthathe indawo yeLizwi likaNkulunkulu. ILizwi likaNkulunkulu lima lodwa.

⁸⁰ UMikhaya wayeleLizwi. Wayekwazi ukuthi wayeleLizwi. WayeleLizwi lilotshiwe, wayeLalo langombono njalo. Wayesazi lokho uNkulunkulu ayekukhulumile eLizwini laKhe. Wayesazi lokho uNkulunkulu ayekukhulumile ngombono. Kwabuya ndawonye kokubili. Wazi ukuthi kwakuliQiniso, ngakho-ke wayengesabi.

⁸¹ Kodwa lumoya oyengayo, khangela lokho okwenzileyo, lamuhla. Ukwenza amalunga amabandla amanengi, ukwenza amalunga angecono awibandla, iwisele phansi imigoqo kuzo zonke indlela zemfundiso yesidala kaMoya oNgcwele. Yavumela amadoda ukuba lamaphathi obungane omunye lomunye, phandle endlini yangaphansi lapho abadlalela khona imidlalo. Lokho kakusoze kuthathe indawo yendlu yaphezulu, lapho ababekhulekela uMoya oNgcwele. Yavumela abesifazana ukuza ndawonye bakhulume inhlekisa futhi lezinto, futhi babe lemibhedo ebolileyo engatsho lutho. Lokho kakusoze kuthathe indawo yomhlangano womkhuleko. Abesifazana, indlela abaphuma ngayo futhi bagqoke lamuhla, kuyi—kuyisinengiso.

⁸² Ngezwa isitsho leso uMfowethu Neville asenzayo, wathi, “abantu beMelika abadubekayo,” wathi, “sebethumele impahla zabo zonke phetsheya kolwandle.” Kunjalo. Bahamba hamba lezembatho zabo zangaphakathi. Baya...Kunjalo. Bazinika amamishinari, ngoba amamishinari. . . Abantu futhi lamahedeni kwelinye ilizwe bazigqokile. Lababantu bahamba bengelazo, kukhanya njengokuthi bayakuthanda.

⁸³ Ngiyalitshela, kulenye into ephambukisiweyo, futhi yikho ukutshunyayelwa kweVangeli leNkosi uJesu Khristu. Ngamadimoni alihlubula izigqoko zenu. Kakukaze kube lomuntu kodwa oyedwa eBhayibhilini lowo owake wadabula

impahla zakhe, leyo kwakuyindoda eyayithunjwe ngamadimoni. Futhi uza ngesimo esipholileyo lamuhla, sengathi ulobuntu, sengathi muhle, sengathi kulungile. “Kungumkhathi oqandelelayo, futhi kuzakwenza uqandelele nxa ungakhupha izigqoko zakho.” Amadoda ehamba hamba emagumeni, futhi begqoke okungaphelanga, labesifazana ngokufanayo. Ngani, selifika lapho okungasela khona inhlonipho ngangokuba kungela ezinjani, enye kweyinye. Luyini uhlupho? Kangizami ukulizwisa ubuhlungu. Ngizama ukulitshela kuphela kuyikuthunjwa ngamadimoni, futhi lilalela imimoya eyengayo elitshelayo, “lokho kulungile,” kodwa kungamanga.

⁸⁴ Uhlamvu lwengqoloyi luthela ingqoloyi kuphela. Nxa ungumKhristu, kawusoze ukwenze lokho. Kawungeke ukwenze. Kawungeke nje ukwenze. Ulokukholwa kwengqondo futhi uthi, “Mfowethu Branham, ngiyalikhohwa iBhayibhili.” Impilo yakho iyatshengisa ukuthi kawukholwa. Ameni. Imimoya eyengayo imelana leLizwi likaNkulunkulu.

⁸⁵ Wayekwazi lapho ayemekhona, uMikhaya wayekwazi. WayeleLizwi likaNkulunkulu. Wayeyindoda engadumanga. Akula muntu owayemthanda ngoba wayekhuluma iQiniso, lanxa babethanda abatshumayeli laba.

⁸⁶ Manje, enye into esithethindawo. Ngiyakholwa futhi ngicabanga ukuthi loba ngubani olesehlakalo loNkulunkulu, kumbe owesifazana, ulakho ukuba lamadlabuzane kancane. Ngiyakukholwa khona. Kunjalo. Kodwa liyazi ukuthini? Sebethe esikhundleni amadlabuzane kulobhaphathizo lukaMoya oNgewe. Bayaphonguletha umsindo omnengi, futhi kungelalutho phakathi kwawo. Phila ngewe njengoba uphila ngomsindo, khona-ke uzakuba kahle. Amadlabuzane alungile sibili; “ukwelula umzimba kulosizo oluncinyane.” Kodwa imimoya eyengayo isingene phezu kweqembu labantu abangewe, futhi sebabenze bathembela nje ekutheni “ngoba bayamemeza” kumbe “ngoba bayadansa, ngoba bangenza amadlabuzane.”

⁸⁷ Leyo ndoda endala phansi lapho, induna yabo bonke abaprofethi, abatshumayeli, wayeqinisekile ukuthi wayelungile, ukuthi wazenzela impondo ezimbili wadansa indawo yonke, wabangela isiyaluyalu esikhulu. Wayezakufuqa elinye lamabutho eAsiriya phandle kwelizwe. Kodwa kwakungamanga! Ilizwi likaNkulunkulu lalikhulume okwahlukileyo. Ameni. Bona, ungaba lamadlabuzane ngokuyikho, nxa ulohlobo lohambo oluhle ngemuva kwakho, uhlobo oluyilo lwemizwa luhambisa amadlabuzane akho.

⁸⁸ UDavida wadansa phambi kweNkosi, futhi umkakhe wamhleka. Futhi uNkulunkulu wakhangele phansi eseZulwini, wathi, “Davida, uyindoda esenhliziyweni yaMi uQobo.” Kodwa

injongo zakhe zaziqondile. Impilo yakhe yayiqondile, ngemuva khwakhho.

⁸⁹ Ngakho, ngenxa yokuthi nje singaba lamadlabuzane, akutsho ukuthi sisindisiwe. Ngoba siyahamba ebandleni, akutsho ukuthi sisindisiwe. Ungayikholwa leyomimoya eyengayo. UMoya kaNkulunkulu weqiniso, iLizwi likaNkulunkulu leqiniso, kuliQiniso likaNkulunkulu; okuyiMbewu kaNkulunkulu, lizaletha uNkulunkulu eMpilweni yakho; ibalobunkulunkulu, ungongwele, ungwele.

⁹⁰ Phakathi kwabantu abanengi sithola lapho amadlabuzane, lokunjalo, kuba lokuhleba lokunyeya, lazo zonke izinto ezingela bunkulunkulu. Mfowethu, leyo yi asidi yesibabule ebandleni. Kungamandla amadimoni. Umoya wamadoda labafazi labo abangena phakathi komunye lomunye, futhi bazame ukusola, uthi, “*Lokhu* kakulunganga, *lalokhu* akulunganga, *lalokhuyana* akulunganga.” Nxa ungakulandelela usehla, kasificamunwemunye phakathi kokulitshumi nguyena umuntu owenza inhlokomo, ongalunganga. Amen. UNkulunkulu uyazonda ukungezwani phakathi kwabazalwane. Woba ngohloniphayo, woba ngongwele, thanda uNkulunkulu, ume laYe. Futhi lapho kuphela usazi impilo yakho ukuthi iyahambelana kanye leBhayibhili, kanye lobumsulwa benhliziyo, ubumsulwa bomcabango, uthando kumfowenu, uzama ubungcono bakho ukwakha uMbuso kaNkulunkulu, futhi usenza lezo zinto, ugqoka kuhle, uphila kuhle, ukhuluma kuhle, usiya endaweni ezinhle, khona-ke ungaba lawo wonke amadlabuzane ofuna ukuba lawo, futhi wonke umuntu uzakukholwa.

⁹¹ UJesu wathi, “Ulisawudo lomhlaba. Nxa isawudo seliduma, kalisasizi lutho, liphoselwa phandle futhi linyathelwe phansi kwenyawo zabantu.” Nxa ulisawudo nje kuphela, kakulunganga. Kodwa nxa ulokunambitheka phakathi kwalo, woba lisawudo futhi umhlaba uzakoma. Wena woba lisawudo, bazakoma. O, minabo!

⁹² Imimoya eyengayo ihamba, amadimoni ezifihlile. Khangela, sisesukwini lokucina. Sisesikhathini sokucina. Umhlaba usulungiselele ukuza ekhanda lawo, njenge thumba elilobomvu kwenye indawo lapho elizadubuka khona kwezinye zalezi insuku futhi impakathi ipuntshukele phandle kwalo. Sekube ngokungcolileyo. Kakula muthi ongalipholisa. Balile u—umuthi. Balile ukwelatshwa. Uyathatha ithumba liphakama lapho, futhi nxa ungathathi ipenicillin kumbe enye into ukukwehlula, kumbe enye into, lizaqhubeka livuvuka lize lidubuke.

⁹³ Yikho lokho umhlaba okwenzileyo. Waqala, kungasikude, uyekelela. Basuka baya kumacebo amakhulu kakhulu, imimoya yamanga yangena futhi yaqala ukutshela abantu *lokhu*, *lokhuyana*, kumbe *okunye*. Sehlukana sabangamakhulu

ayisificamunwemunye futhi lezinye izinhlanganiso zamasono, wonke umuntu elombono owahlukileyo. Bathi, “Sikholwa *lokhu*, sima lapho! Yikho kuphela esikukholwayo.” Kabavumeli uMoya oNgewele ungene. Kabavumeli abe lelungelo lokuhamba. UNkulunkulu ulexuku labantu labo abengamemeza, khona-ke wonke umuntu kwafanela amemeze. Balabanye abangakhuluma ngendimi, khona-ke wonke umuntu kwafanela akhulume ngendimi. Balakho konke kanje, kuze kube (yini?) kwangcoliswa ngempela ngemimoya eyengayo, iyenga abantu ukwenza lawo madlabuzane lapho kungela Nkulunkulu ngitsho phakathi kwakho. Khona-ke bayaphuma phandle baphile loba yiluphi uhlobo lwempilo abalufisayo ukuluphila, futhi-ke bakubize “isiKhristu.”

⁹⁴ Futhi umhlaba uyahlala futhi ukhangele, uthi, “Awu, khangele lapho! Ngiyazifananela labo.”

⁹⁵ Njengoba ngitshilo ngobunye ubusuku mayelana ngengulube, mayelana ngesoni. Kawungeke usole...Isoni yisoni. Ungazami ukumguqula. Ungazami ukumtshela *lokhu*, *lokhuyana*, kumbe *okunye*. Uyisoni, kwasekuqaleni. Uyingulube, kwasekuqaleni. Kakwazi umehluko. Nxa engahamba emabhayisikopo, futhi ahambe ngeSonto, futhi ebeseziya emidlalweni yamabhola, futhi abesezenza zonke izinto lezi, uyisoni, kwasekuqaleni. Imvelo yakhe injengengulube. Ingulube endala iyangenisa amakhala ayo phansi kwenqumbi yomquba futhi idle intanga zonke kuwo, layonke into; awu, lokho, uyingulube. Kawungeke umsole. Uyingulube. Yiyo indlela ngezoni. Kodwa lapho uhamba futhi uzibize umKhristu, futhi ungenise amakhala akho phakathi kanye laye, khona-ke kawukho ngcono kulaye, kodwa, wena udlulisile. Phumani phakathi kwakho. Yekelani umhlaba uhambe. Yekani uhambe. Vumela uNkulunkulu. Yekela kuhambe.

⁹⁶ Ngabe uyekela njani uhambe? Abantu abanengi bayamangala lamuhla, besithi, “Awu, Mfowethu Branham, ngabe uyekela njani kuhambe?” Ngiyakwazi lezwa okunengi kwezesayensi yenkolo ngakho, “kuyeke kuhambe.” Abantu abanengi bayasebenza nje beginqe, bezama ukuyeka kuhambe. Abantu abanengi bayabuya futhi bathi, “Bengizakuya ekuzileni kwensuku ezingamatshumi amane ukuze ngenze enye into.” Kawudingi kuzila okwensuku ezingamatshumi amane. Udinga ukuyeka umhlaba uhambe futhi lazo zonke lezizinto zikadeveli, futhi uthathe iLizwi ikaNkulunkulu enhliziyweni yakho. Kufanele ufundiswe ukuthi ukwenze njani lokho. Kawukwenzi ngokweqa phezulu-la-phansi, futhi kawukwenzi ekuzileni kwensuku ezingamatshumi amane. Ukwenza ngenhliziyo ezinikeleleyo kuSomandla uNkulunkulu.

⁹⁷ Njengomntwana omcinyane. Ngananzelela umntanami omcinyane ngemuva lapho, unina ezama ukumgqokisa ijazana lakhe, lokhu kusa. Wayefuna ukungenisa ingalo yakhe encinyane

emkhonweni. Wayengenelisi ukungenisa ingalo yakhe phakathi lapho; kakwazi kwenziwa njani. Kufanele uqondise ingalo yakhe encinyane. Ufuna ukungenisa ingalo yakhe phakathi lapho, kodwa ulokhe ekhutha nje lapho. Akafiki emkhonweni. Uyakwazi akakho emkhonweni.

⁹⁸ Futhi lawe uyakwazi ukuthi kawulunganga kuNkulunkulu, lapho usalokhe unyeya, uqamba amanga, usenza yonke into. Kangeke ulunge kuNkulunkulu, Kangilandaba mangaki amabandla ongena kiwo, umphefumulo wakho uze uguqulwe. Mfowethu, lokho yisidala, kodwa lokho kuza bila phansi futhi kufake umsobho emphefumulweni wakho. Kulungile!

⁹⁹ Zama ukuhloma ingalo yakhe phakathi, kufanele abelomunye umuntu ukumqondisa, ukuthi ahlome njani ingalo yakhe phakathi. Khona-ke lapho esehlome ingalo yakhe ejazini lakhe elincinyane, uyakwazi uselungile.

¹⁰⁰ Yiyo indlela okuyiyo ngomKhristu wonke ozelwe kutsha. Lapho engena sibili kuNkulunkulu, uyakhangele impilo yakhe kanye leLizwi likaNkulunkulu futhi uyananzelela usemzileni kanye Lalo lonke. Ulokubekezela, ukuthambeka, ukuthula, ubumnene, amandla, ukholo, uthando, intokozo, ukuthula. Akazungezwa njengolwandle olukhathazekileyo. Akakhathezeki ngayo yonke into encinyane. Akayeqi *lapha lalaphana*, njengesivimbo sembodlela olwandle olulomoya. Uhlalisekile. Inhiziyo yakhe imsulwa. Imcabango yakhe imsulwa. Inhloso zakhe zimsulwa. Akujongayo kuqondile. Futhi uyakwazi usemzileni kanye leLizwi likaNkulunkulu. Isihogo sonke ngeke simnyikinye. Uhlelwe liLizwi likaNkulunkulu. Ulothando lobuNkulunkulu, ubumsulwa enhliziyweni yakhe, kuyo yonke indoda lowesifazana. Ule... Uzenqabele ezintweni zomhlaba, zifile kuye; akasazifuni futhi. Ngani, wawungeke wenze inkazana kaMoya oNgcwele igqoke lezo zigqoko ezikhangeleka zingela bunkulunkulu futhi aphumele phandle lapho kungelalutho. Hatshi, mnumzana.

¹⁰¹ Manje, kakudingi ukuhamba uyemtshele uphambanisile, ngoba akayikukholwa, ngoba yikho kuphela akwaziyo. Lokho yintokozo yakhe. Owesifazana ogqoka lezo zinto ezincinyane; bayaphuma, ngentambama, lapho nje amadoda esiza ekhaya; beza nje ukuzo centa iguma, ukuze ku... Futhi ngitshela kuyikho khona? Mfazi, kangitsho ukuthi u—umubi. Kangitsho ukuthi kawulambeko. Kodwa kawunanzeleli, dadewethu, ukuthi umoya ongcilileyo usukubambile. Ukwenzelani? Ulengqondo ezeneyo ukwazi ukuthi kakuqandeleli. Kuyatshisisa. Kulomoya ongcilileyo.

¹⁰² Uthi, “Mina? Mina, Ngahamba ebandleni!” UNebukhadinezari wayeyindoda enkulu. Kodwa, ngoba waziphakamisa, uNkulunkulu wamnika umoya wenkabi, futhi wamyekele wadla utshani okweminyaka eyisikhombisa,

futhi lenzipho zeminwe yakhe zakhula njengabanye abesifazana abakwenzayo lapha. Kunjalo. Futhi wayesethunjwa ngamadimoni.

103 Indoda yathunjwa ngamadimoni futhi yahlubula izigqoko zayo. Babengeke bamgqokise izigqoko. Liyabona lokho engikutshoyo? Kuyimimoya eyengayo.

104 Ibandla lakho liyavumelana lakho. Umtshumayeli wakho uyesaba ukutsho ulutho, esesaba ukuthi kaliyi kubhadala okwetshumi kwenu futhi. Yiso isizatho. Yilo uhlupho. Minabo, bakithi! Uzakuyatshumayela njani exukwini lamanqe, ngaphandle kokuthi uwaguqule futhi alunge kuNkulunkulu, kwasekuqaleni? Bazagxilisa amakhala abo ezintweni ezifileyo sonke isikhathi. Lokho okudingayo yikuthululela phandle, futhi lemvuselelo yesidala ithanyele kusukela okhunjini kusiya okhunjini, futhi wenze amadoda labafazi baqonde loNkulunkulu. Yekela, izinto zomhlaba! Yekela, lokho kutshumayela kokutotoza. Ameni. Tshumayela iVangeli. UNkulunkulu watsho njalo. “Nxa uthanda umhlaba, kumbe izinto zomhlaba, uthando lukaNkulunkulu kalukho kuwe.”

105 Abantu bangeqa phezulu-la-phansi, futhi bememeze ubusuku bonke, futhi bakhulume ngezindimi njengendumba zithululeka esikhumbeni senkomo esiwomileyo; uphume khona phandle, ukusa okulandelayo, ulolaka olweneleyo ukulwisa isaha yomtshina, uphume khona phandle futhi ukhulume enye into ebandleni ezabangela ibandla lonke ukuthi lehlukane. Akusilutho emhlabeni kodwa eyengayo, imimoya yamadimoni! Sifuna ukubuyela eLizwini, lapho uNkulunkulu omsulwa, engewe. Ameni. Kunjalo. Imimoya eyengayo imelana leLizwi likaNkulunkulu!

106 Nansi indoda, kungasikude, silowesifazana omcinyane... AmaKatolika alabalitshumi lambili khonalapho. Esikhathini sakhe sokucina ukuzala, kuyaphuma ezandleni zakhe lasebunzini lakhe. Nxa umtshumayeli omuhle kaMoya oNgewe... Ngacabanga. Leyo ndoda yayilembodlela yaleyonto, iphuma ezandleni zakhe, ehamba hamba egcoba abantu ngakho. Whew! Isihawu! Kungumpikukhristu! Kangilandaba nxa igazi liphuma emakheleni akhe kumbe ekhanda lakhe, kumbe ngaphi, mfowethu, kakula gazi elingathatha indawo kaJesu Khristu iNdodana kaNkulunkulu. Yilo iGazi kuphela engazi ulutho ngalo. Engabe elamafutha ethululeka esandleni esisodwa, lewayini iphuma kwesinye, kodwa, nxa ukusebenzisa kuloba yiluphi uhlobo lwenkolo, kungudeveli. Ukubona ukuthi abatshumayeli bawela njani izinto ezinjengalokho!

107 Lokho esikufunayo, ukuphenduka sibuye eBhukwini loMholi, sibuye eLizwini likaNkulunkulu! Leli yilo iLizwi likaNkulunkulu, iBhayibhili elidala elibusisiweyo. Uthi, “Awu,

ngiyesaba ukubayilokho, Mfowethu Branham. Ngiyesaba ukuthi ngizalahlekelwa ngenye yenjabulo yami.” Luyini uhlupho? Kawukwazi ukuthi injabulo kuyini.

¹⁰⁸ Ngithe kangacali isidakwa ngokuphuma lokuyadakwa. Yena unyukubele. Akakwazi. Yena uyavuka, ekuseni, yena ikhanda liyaduma, ulebbhabhalazi. Uyaphuma futhi azithathele amabili kumbe amathathu amambodlela otshwala, futhi aphume ayezithathela iwiski, lazo zonke izinto.

Umhotshi wegwayi omncinyane ehlale emuva futhi abheme, futhi avuthele ngamakhala akhe njengokuthi uyisitimela sempahla. Yikho kuphela. Kangimsoli; yiyo kuphela injabulo ayaziyo. Yikho kuphela azi ngakho. Uyingulube, ngemvelo.

¹⁰⁹ Ihlazo kini elizitsho ukuba ngamaKristu futhi lithembe ezintweni ezinjalo okwentokozo, lapho iVangeli likaMoya oNgcwele lingasolutho kodwa indlu yamandla eyodwa enkulu yentokozo. IVangeli loMoya oNgcwele liyikudakwa okupheleleyo kuye wonke umuntu olebbhabhalazi. Unganatha eVangelini likaJesu Khristu, ugcwaliswe nguMoya oNgcwele, udakwa uze utshiye lumhlaba, ameni, injabulo engakhulumekiyo futhi igcwele inkazimulo. Kulokuvuselelwa okuqhubekayo. Yikudakwa okuqhubekayo, udakiwe imini lobusuku! Amen. Yilo iLizwi likaNkulunkulu.

¹¹⁰ Ibandla liyabuya lapho, lithathe okunye esikhundleni. Kumele babeli phathi encane lapho bonke abaphuma baye ekhunjini, ukuyazithokozisa. Iphathi yamakhasi ndawonye, okobudlelwano. Kunjalo. Ukuba lomdanso, kwesinye isikhathi, kweyinye indlu yelunga, kwezinye izikhathi endlini ephansi ebandleni. Umdanso, bebeka esikhundleni, bezama ukuthola enye into engabasuthisa. Luyini uhlupho? Balixuku elikhulu lengulube, kungenani. Bazingulube, kwasekuqaleni. Nxa bengahlangana loKhristu, bangaba lenjabulo enengi, lezozinto zingafa ukwedlula iphakathi laphakathi kobusuku, kibo. IVangeli, udakiwe eMoyeni, intokozo engakhulumekiyo futhi igcwele inkazimulo.

¹¹¹ Ungacali isoni; wobalesihawu kuye. Umyeke aqhubeke futhi ebhema ingidi yakhe, myeke anathe utshwala bakhe, myeke abelephathi yakhe yamakhasi. Yiyo intokozo yakhe. Ungamsoli. Esiza ngekhaya layo yonke into, ediniwe futhi ekhathela, ufuna intokozo. Into yakho yokwenza yikuphila impilo elobunkulunkulu ukuthi ungamtshengisa ukuthi iVangeli lithwele okuphindwe kazinkulungwane ezilitshumi ukwedlula lokho, kuye. [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.] Futhi nxa esifa ekuleso simo, uzakuya esihogweni, ngotshwala bakhe. Yikho ukudakwa kukadeveli. Nxa engafa, ehotsha kuleyo ngidi endala, uNkulunkulu nguMahluleli wabo. Nxa engafa, ephuma phandle lapha, edansa, futhi egijima lapho elezigqoko ezilihlazo, UNkulunkulu unguMahluleli wabo.

112 Kodwa kulento eyodwa, nxa ungafa ungaphansi kogcobo lwaMandla kaMoya oNgcwele, njengo Stefani akwenzayo lapho ekhangela phezulu ebusweni bukaNkulunkulu, wathi, “Ngibona iZulu livulekile, loJesu emile esandleni sokunene,” umiselwe ukuya eZulwini, njengenkongana isiya ebhokisini layo. Amen.

113 Imimoya eyengayo imelana leLizwi likaNkulunkulu! Yekela, yekela kuhambe. “Ukwenza njani, Mfowethu Branham?” Yekela nje kuhambe. Yikho kuphela okufanele ukwenze. Thatha iLizwi likaNkulunkulu. Ungazami ukwenza ulutho. Ungayi phansi elathini futhi ulitshaye, uklabalale, “Nkulunkulu, ngipha uMoya oNgcwele! Nkosi, ngipha uMoya oNgcwele!” Akabuyi, utshaya elathini. Lokho kakuncedi lutho. Hatshi. Leyo kayisiyo indlela Okubuya ngayo. Kuyi, kuMthatha ngeLizwi laKhe!

114 Khangela kuPhetro. UPhetro wayesekukhathazekeni, kwakhangeleka njengokuthi wayezakufa. Futhi wabona iNkosi isiza, ihamba phezu kwamanzi. Futhi wathi, “Nkosi, nxa lowo kunguWe, wothi ngibuye.”

INkosi yathi, “Buya.”

115 Manje uPhetro wathi, “Manje mana okomzuzu, Nkosi, makuthi ngihambe ekuzileni kwensuku ezingamatshumi amane, ukubona nxa ngingahamba phezu kwalawo manzi, kumbe hatshi. O Nkosi, makuthi ngithole uMoya oweneleyo kimi, ukuthi ngingadansa eMoyeni futhi ngikhulume ngendimi, kulesi isikepe, khona-ke ngingaphuma phandle”? Hatshi, mnumzana! Wathatha uNkulunkulu eLizwini laKhe, tshiya futhi yeka uhambe. UNkulunkulu wamdululisa kukho.

116 Ngabe uNkulunkulu wahlangana loMose, futhi Wathi, “Mose, hamba phansi-le eGibhithe, futhi utshela uFaro, ‘Yekela abantu baMi bahambe’”? Aluba uMose wathi, “Mangihambe ekuzileni kwensuku ezingamatshumi amane, kuqala, futhi ngibone nxa ngilokukholwa okweneleyo ukukulalela Wena, Nkulunkulu. Nginika enye into, enye into, Nkosi. Akuthi ngiKutshela enye into, mangibone nxa ngingangena eMoyeni, kuqala”? UMose kazange abuze imibuzo, wathatha nje uNkulunkulu eLizwini laKhe, futhi wasehamba. Yiyo indlela okufanele wenze ngayo, thatha uNkulunkulu eLizwini laKhe. Khona-ke uzazi ukuthi ungakwenza. Akazange amelele kwaze kwenzakala enye into, yena nje waqhubekela phambili futhi wakwenza.

117 Pho ke uElija, lapho esehla phansi eNtabeni iKhameli, wayephezulu lapho okwesikhathi eside? Futhi wahlangana lowesifazana ongumfelokazi ohluphekayo. Wayeyi... Wayengowezizweni, oweZizwe. Futhi lapho ehlangana laye phansi lapho, wayedobha incwathi, egumeni. Futhi uNkulunkulu wamtshela, “Hamba phansi lapho kuleyondlu yomfelokazi.” Yindawo bani umtshumayeli ukuya kuyo!

118 Nango esiya phansi endlini yomfelokazi. Futhi lapho esekwenzile, wayelencwathi ezimbili. Wathi, “Kuyini okwenzayo?”

119 Wathi, “Ngidoba incwathi. Ngilemphuphu eneleyo ukwenza amaqebelengwane omumbu amabili. Yikho kuphela engisele lakho. Kuleminyaka emithathu selokhu saba lezulu.” Futhi wathi, “Khona-ke ngizakwenza lawa amaqebelengwane omumbu. Futhi mina lomfanami sizakuwadla wona, futhi sife.”

120 Wathi, “Ngenzele elilodwa, kuqala!” Haleluya! O, ngiyakwazi ngingathi ngiyahlanya kancinyane, kodwa ngisehlangothini lweNkosi, kungenani. Wathi, “Ngenzele elilodwa, kuqala. Ngoba, ITSHO KANJE INKOSI.” Nanko-ke wena.

121 Kuyini? “Funani kuqala uMbuso kaNkulunkulu, lokulunga kwaKhe.” Hatshi uMbuso kaNkulunkulu “lokungumsindo okuncinyane,” hatshi uMbuso kaNkulunkulu “lamadlabuzane amancinyane,” hatshi uMbuso kaNkulunkulu la “*lokhu* kumbe *lokho* okuncinyane.” Kodwa, “UNKulunkulu, lokulunga kwaKhe, lazo zonke ezinye izinto zizakwengezelwa kuwe.” Beka kuqala!

122 Manje, lowo mfelokazi wakuzwa lokho. “Ukukholwa kubuya ngokuzwa, ukuzwa ngeLizwi.” Wathi, “Yilo iLizwi leNkosi, ngoba lowo ngumuntu kaNkulunkulu ongwele. Lowo ngumprofethi kaNkulunkulu, futhi ngiyakwazi kuliqiniso. Futhi lelo yiLizwi likaNkulunkulu.”

123 Manje, kazange agijimele ukuyabuza abomakhelwane indlela yokukwenza ngayo. Akazange afune ukwabelana... futhi atshele omakhelwane, ethi, “Manje, licabanga ukuthini? Umtshumayeli usendlini yami, esithi *lokhu*. Susie, ucabangani nga *lokhu*?”

124 Wangena, waqala ukulahla. Wayekela. Wayekela lokho ayelakho, ukuthi athole okunengi. Yikho lokho umhlaba okufunayo lamuhla, yikuyekela kwesidala okuhle kwalokho olakho. Haleluya! Walahlela phandle, ukuze agcwaliswe. Walahla wonke amafutha ayelawo, futhi lawo wonke amafutha ayelawo layo yonke impuphu ayelawo, kumtshumayeli, eMbusweni kaNkulunkulu. Futhi lapho eselahlele konke phakathi lapho, uNkulunkulu wehla phansi, wagcwalisa isigxingi sempuphu, wagcwalisa lesigubhu samafutha. Walahlela njalo, emganwini womtshumayeli. Futhi kwasekuPhenduka, sokugcwele njalo. Wakulahlela phakathi. Sonke isikhathi elahlela, Wagcwalisa.

125 Ngizakuthi, lamuhla, nxa umuntu engalahla wonke lumbhedo wokuthatheka, lokulungisela isiKhristu, futhi uvumele uMoya oNgcwele uthathe indawo yaWo, kuzakuba lemvuselelo ezaqala eEighth lo Penn Street ezathanyelela ilizwe lonke. Tshiya umbhedo. Buyela eLizwini likaNkulunkulu.

Lahla, ukuze ugcewalise. Yekela kuhambe, futhi uNkulunkulu uzayekela kubuye. Wena lahla, uNkulunkulu uzagcewalisa. Zonke izinto ezingelamsebenzi, ezokuthi, “Kufanele wenze *lokhu*, futhi kufanele wenze *lokhuyana*; futhi kumele wenze *lokhu* futhi kumele wenze *lokhuyana*.” Kukhohlwe! Kulahlele phandle komphfumulo wakho!

¹²⁶ Wothi, “Nkulunkulu, ngivumele, kusukela kulokhu ngokugcwala... lolu suku, ngibe ngowaKho ngokugcweleyo. Nkosi, ngibuya ngenhliziyo eyaphukileyo. Ngibuya ngoMoya odabukileyo. NgiyakuThanda. Uyakwazi NgiyakuThanda. Futhi ngifuna ukukhohlwa bonke lobubuwula bakho konke lokhu kuzila insuku ezingamshumi amane futhi ngibone nxa ngingasondela duze loNkulunkulu, futhi lakho konke *lokhu*, *lokhuyana*, *lokunye*, wonke lumbhedo.”

¹²⁷ Kuyekeleni! Kakula lutho eLizwini elikutshela ukuba uzile okwensuku ezingamshumi amane. Ngitsho ulutho. Kakula lutho emhlabeni olukutshela ukuthi uzile, ngaphandle uNkulunkulu akutshela. Nxa uzila, awuyi kulamba, futhi uhambe izinto zonke lezi. Lapho uzila, mfowethu, uzakujabula lokuthaba isikhathi sonke. Wathi, “Ungazibonakalisi phambi kwabantu njengalokho abazenzisi abakwenzayo, ngobunyukumeleyo, ubuso obudanileyo. ‘Ngisekuzileni kwensuku ezingamshumi amane. Impahla zami kazisangikwani futhi. Ngilahlekelwe yisisindo esingamshumi amathathu, futhi bangitshela ukuthi ngikhangeleka ngcono emva kokuba lokhu sekuphelile.” O, ngumbhedo! Kuyimimoya eyengayo kadeveli.

¹²⁸ Uphakame elathini, futhi uthi “udumo, udumo, udumo” uze ungabe usenlise ukutsho olunye ulutho, futhi uthi, “Kufanele ukhuleme ngendimi anduba wamukele uMoya oNgcwele.” Mbhedo! Kulahlele phandle!

¹²⁹ Susa lokho phandle kohlelo lwakho futhi ubuye eLizwini likaNkulunkulu! Wathi, “Phendukani, ngamunye wenu lonke, futhi libhaphathizwe eBizweni likaJesu Khristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi lizakwamukela isipho sikaMoya oNgcwele.” UNkulunkulu engekela ukugcina iLizwi laKhe, Akasuye Nkulunkulu. Amen. Lahlela phandle. Gcewaliswa. Amen. Whew! Ngiyakuthanda lokho. Yilo iLizwi laKhe. UNkulunkulu watsho njalo. Kunjalo. Futhi lapho uNkulunkulu ekutsho, uNkulunkulu uzakunakekela. Kulungile. Konke ukulungiselela okwenzayo, konke ukuya ebandleni ongakwenza... .

¹³⁰ Kunje ngalapha phansi okwenziwa imota lapho abenza khona inqumbi enkulu yamatokisi okuthwala, kumbe, inqumbi enkulu yezimota zokuthwala abantu. Ngangivame ukusebenza khona. Futhi bayathatha futhi bakhe lezo nqola ezinkulu layonke into, futhi bafake amapulanka aqinileyo,

kwendlalwe ipulanka lomvagazi yonke indawo, layonke into inhle, ibekwe phandle lapho esipolweni, futhi kwakufe njengesipikili somnyango. Nanso injini ihlezi lapho, kungela ntuthu yamanzi kiyo. Iyahhlala khonapho nje.

¹³¹ Ekudingayo lamuhla kungumlilo embizeni yokubilisa. Lokhu okukufunayo yintuthu yamanzi. Lokhu elikufunayo lamuhla, ibandla, ukubila; into etshisayo kakhulu ebilayo ekhona ukuxwathisa isono sisuke empilweni yakho, luthando. Futhi nxa lingeke lithandane, lizakumthanda njani uNkulunkulu Lowo elingambonanga? Uthando luyafihla izono ezinengi. Woba sethandweni loNkulunkulu, khona-ke lizathandana, khona-ke lizathanda ibandla, lizakuthanda iMbhangela, uzathanda yonke into elobunkulunkulu, futhi uzakuba khatshana lezinto zomhlaba.

¹³² Imimoya eyengayo ibhoda ihamba itshela abantu *lokhu*, *lokhuyana*, kumbe *okunye*, “Kufanele benze *lokhu*. Kufanele benze *lokhuyana*.” Kungenxa yokuthi izinhlanganiselo zamasono seziphakeme, futhi balesambulo esincinyane leso abasitshoyo, “Awu, manje, ngiyakholwa ukuthi umuntu...ngiyakholwa entweni enjengo kumemeza eBhayibhilini.” Kunjalo. Yilo iqiniso. Benza inhlanganiselo yesonto ngakho, “Lapho umemeza, usulaKho.” Kodwa kawukabi lakho.

¹³³ Eyalandelayo yaphakama, yathi, “Ukukhuluma ngendimi.” Yikho kanye. Lokho kuseBhayibhilini. “Awu, lapho ukhuluma ngendimi, usulaKho.” Kodwa abanengi babo bakhuluma ngendimi futhi kabazange baba laKho. Bona? Kayisikho loKho. Hatshi, mnumzana.

Abanengi babo bathi, “Awu, kufanele siprofethe.”

¹³⁴ Khangela kulaba baprofethi lapha lempondo emakhanda abo, beseqa phezulu-la-phansi futhi beprofetha. UMikhaya wathi, “Lina, lonke, liqambamanga.” Ameni. Kulungile. UNkulunkulu kabuyi njenga lokho. UNkulunkulu ubuya enhliziyweni eqinisekileyo eza ngokudabuka, lomoya owephukileyo. “Lowo ophumayo, ehlanyela ngezinyembezi, uzaphenduka kungelathandabuza njalo ethokoza, eletha kanye laye inyanda eziligugu.” Ameni. Kubambe kahle lokho, mngane.

¹³⁵ Ubudimoni obunengi, amadimoni esebenza emiphefumulweni yabantu! Khangela lapho okuthela khona izithelo zakho. Khangela luhlobo bani lwempilo umuntu aluphilayo. Bona indlela abenza ngayo, khangela indlela abenza ngayo, bona injongo yabo eyikho. Akwenzakali nje...Futhi uba ngalitsihela ukuthi, “Indlela kuphela...Lapha kuhleli izimota, zonke zilandelana lapha. Izulu lise Charlestown. Kawungeke uhambe ngenyawo. Indlela kuphela ongahamba ngayo, yimota. Futhi wonke umuntu ochaphayo umzila kufanele alethe izigubhu ezinhlanu zamafutha.” Nansi imota yakhe, kodwa nxa engela mafutha angeke ayihambise. Awu, yikho

kanye, ngokupheleleyo indlela okuyiyo eZulwini. Nxa ungafa ungela Nkulunkulu, kangilandaba ukuthi waphila njani lokuthi wenza imota ezingaki, nxa uthando lukaNkulunkulu lungekho lapho ukukudonsela eMbusweni kaNkulunkulu, ulahlekile.

¹³⁶ Kulentambo yegetsi ehambisa umlilo lokuwuphendukisa. Kungenani ukuthi amagetsi ahamba njani lapha, nxa kungela ntambo ehamba emhlabathini, kakusoze kukhanyise. Kunjalo. Kufanele ukuthi utshoniswe, ugxiliswe ethandweni lukaNkulunkulu. O, mfowethu! Letha lokho okubuyisayo lokuhambisayo ndawonye, uzakuba lokuKhanya, uKhanya kweVangeli lesidala. MaLisabalale ukhunji ngokhunji. Kawusoze ube laKho ungelakho. Kungenani ukuthi unyikinya lokweqa njani ungakwenza kanye ngokuhambisayo, kufanele ube lentambo yegetsi ehamba phansi ukukhanyisa isibane. Amen.

¹³⁷ Uke wananzelela? Ungafaka intambo kagetsi ehamba phansi lapha kulokhu, futhi konke kwakho kuya phenduka kugxile phansi lapha esititshini samagetsi, khona phansi emhlabathini. Futhi sonke isikhathi umuntu etshoniswa futhi agxilise phansi eLizwini likaNkulunkulu, kuyamtshonisa kumgxilise eKhalvari, nganeno, lapho isigxiliso, insika kaNkulunkulu ya lethwa lapho, ukukhanyisa ukuKhanya kweVangeli. Amen.

¹³⁸ Uyazi luyini uhlupho? Abantu kulezi indawo ezinkulu okugcinwa khona izidumbu phandle lapha, besenza angathi batshumayela iVangeli. Umtshumayeli omncinyane wabuya kimi izolo, ongenywe yezinhlanganiso zamasono ezinkulu ezweni lamuhla, ngaphandle kweKatolika. Wathi, “Mfowethu Branham, sengikhathele.” Wathi, “Bazasenza sonke thina abatshumayeli sigqoke amarogwe futhi siphendulele amakhola ethu, futhi—futhi sitshumayele izinto ezithile. Futhi bazasitshela lokho okokutshumayela ngakho, ngenyanga ezintathu.” Wathi, “Kangeke ngenelise ukukumela.” Wathi, “Kuyini okufanele ngikwenze? Kufanele ngiqalise ukutshumayela iVangeli?”

¹³⁹ Ngathi, “Mfowethu, lapho kuphela ukanye laleyo nhlanganiso yesonto, ihloniphe. Khuluma nje lokho abakukhulumayo. Kodwa yana komkhulu wakho kumbe umphathi wesigaba, futhi uthi, ‘Mnumzana, sengizelwe kutsha ngoMoya kaNkulunkulu. Nanti iLizwi likaNkulunkulu. Ungangivumela ngitshumayele loKho, ngizahlala ebandleni lakho. Nxa ungavumi, kangisekho. Kunikeze komunye umuntu.’” Yiyo indlela yokukwenza. Ungabhoda bhodi. Ungabi ngophikisayo. Phuma ukhulume lokho okuyikho. Kulungile.

¹⁴⁰ Wathi, “Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi ngingaba lebandla?”

¹⁴¹ Ngathi, “Lapho isiDumbu esikhona, iNgqungqulu zizabuthana.” Kunjalo, zizalandela.

¹⁴² Njengendoda, okwathi, wachamusela inkukhu. Manje, kakusiyo nsomo. Kangikutsholo ukusoma. Ngikutsho ngesizatho. Wayezakubeka inkukhu zakhe, futhi wayengelamaqanda eneleyo. Wafaka iqanda ledada ngaphansi kweyinye. Futhi lapho esecacadile wonke, idada lalikhangeleka liyinhlelisa okwedlula inkukhu esezake zakubona. Ngakho inkukhu yayikukuzela amatsiyane futhi lamatsiyane amancinyane ayesiza, kodwa idada lalingazi lolo limi. Kodwa, ngolunye usuku, inkukhu endala yabakhokhela ngemuva kwesilugu. Kwakulesifudlana phansi ngemuva kwesilugu. Lapho lelo dada elincinyane linuka amanzi, lasibathela lisiya emanzini ngesiqubu sonke. Inkukhu endala yathi, “ku, ku, ku.” Futhi idada elincinyane lathi, “honku, honku, honku.” Yena wayesesiya emanzini. Ngani? Wayelidada, ngemvelo. Lapho ephembela amanzi, mfowethu, wayengeke abe khatshana lakho, ngoba wayelidada.

